## UPHIKO LWEZOKUQOQWA KWENTELA ENINGIZMU AFRIKA

**ISAZISO ESIKHISHWA NGOKWENDIMA 14(3)*(a)* YESHEDULI YESINE YOMTHETHO WEZENTELA YENGENISOMALI KA-1962 (UMTHETHO NO. 58 KA-1962), NGOKWESIGABA 8(2) SOMTHETHO WEZEZIMALI ZOMSHUWALENSE WOKUPHELELWA UMSEBENZI KA-2002 (UMTHETHO NO. 4 KA-2002), NANGOKWESIGABA 6(2A) SOMTHETHO WEZINTELA EZIBANJELWA UKUTHUTHUKISWA KWAMAKHONO KA-1999 (UMTHETHO NO. 9 KA-1999), ESINQUMA USUKU OKUMELE UMQASHI ABE ESELETHE NGALO IZINCWADI ZENTELA NJENGOBA KUNQUNYWE KULEYO NDIMA NAKULEZO ZIGABA**

Ngokwamandla engiwanikezwe yindima 14(3)(a) yeSheduli Yesine yoMthetho Wezentela Yengenisomali ka-1962 (uMthetho No. 58 ka-1962), isigaba 8(2A) soMthetho Wezezimali Zomshuwalense Wokuphelelwa Umsebenzi ka-2002 (uMthetho No. 4 ka-2002) nesigaba 6(2A) soMthetho Wezintela Ezibanjelwa Ukuthuthukiswa Kwamakhono ka-1999 (uMthetho No. 9 ka-1999), mina, Thomas Swabihi Moyane, uKhomishana woPhiko Lwezokuqoqwa Kwentela eNingizimu Afrika, nginquma ukuthi izincwadi zentela zomqashi (EMP-501) zesikhathi —

a) esiqala mhla ka 1 kuNdasa 2015 kuya ku 28 kuNhlolanja 2016 kumele zilethwe engakedluli umhla ka 31 kuNhlaba 2016; futhi

b) ezesiqala mhla ka 1 kuNdasa 2016 kuya ku 31 kuNcwaba 2016 kumele zilethwe engakedluli umhla ka 31 kuMfumfu 2016.

**T S MOYANE**
**UKHOMISHANA WOPHIKO LWEZOKUQOQWA KWENTELA ENINGIZIMU AFRIKA**

This gazette is also available free online at www.gpwonline.co.za